## Letter dated 22 December 1885

| | |
|---|---|
| Archive: | Pietermaritzburg Archives Repository |
| Letter reference: | A204 Colenso Collections, Magema Papers, vol. 104, Letters dispatched 1885-1889 |
| Letter date: | 22 December 1885 |
| From: | Magema Magwaza. Isandhlwana. |
| To: | Nkosazana |
| Other details: | This letter is a copy, hand-written, in isiZulu |
| Transcriber's note(s): | Nkosazana referred to, is Harriette Colenso. |
| Letter contents: | Magema Magwaza reports two incidents to Nkosazana. The first is that Dinuzulu, Ndabuko, Mahanana and other KwaZulu izikhulu have given the land (of KwaMagwaza) back to the (unnamed) bishop. According to the bishop, their explanation for overturning Mnyamana's decision was because he had acted unilaterally without authority. The second incident Magema reports to Nkosazana is about two people, one from Zibhebhu and the other from Hamu, who Mnyamana killed and their body parts used for medicinal purposes to Dinuzulu. |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

Isandhlwana
Dec. 22 1885

Nkosazana

Namhlanje bengivalelisa ku'mBishopo – nansi indaba yethu. Uthi umBishopo uyabonga kimi kakulu ngokumsiza kwami engikwenzileyo kuye ngenzincwajana zake, kaloku kanawo umsebenzi onjalo; usezauhamba aye eSwazini, emva kwaloko ahambele eEngland, mhlaumbe angatanda uba ngimsize kuleyo'nkati – Ngavuma mina ukuthi ngingamsiza inxa ngi kona eduze; kule'nkati ngisaya kiti, ngiyauhlala kumbe 2 months ngipinde ngize lapa ngemisebenzi yami – Wabuza yena ukuti izindaba zami zopela nini na? Ngati angazi – Wati kuhle ngiye ekaya ngityele inkosazana zonke izindaba engizizwayo; ngoba indaba leyo [yake?] nawe ngezwe lakwa'Magwaza ipelile nya namuhla, - inkosi u Dinuzulu, no Ndabuko, no Mahanana, nezikulu zakwa'Zulu batumile umuntu kuye (Bp.) bamtyela ukuti bayamnika leyo'ndawo ahlale afundise kuyo njengakuqala. "Loko'kuxotywa kwetu kwaya ngenxa ka'Mnyamana eyedwa ngapandhle kwamakosi amanye, ekwenza loko eti unamandhla, kanti engenawo eyedwa; watuma uMfunzi nebandhla lake, - uMfunzi wamisa kona uMubi abe ng'umninilo lelo'zwe, sixotywe tina'bafundisi." Ngahleka. Ngabuza "uMubi enze-ni ngezwe na?" "O! ahlale kulo nje abe umnumzana wakona. Kepa namhlanje kupelile ~~kul~~ loko konke. Sengitumile uMr Martyn (a Griqua) ukuyakungibongela enkosini naku'baNtwana." Okunye kambe, Nkosazana, siyakukuluma ngemilomo ngikulandise konke ukufika kwami.

Nansi enye indaba ebuhlungu engiyizwileyo namhlanje ku'Josias Tshange epete kabi umuzi wakwa'Zulu engingatanda ukuyifinyelelisa masinyane ku'Nkosazana. Uti uJosias lowo, umuntu womuzi ka'Mbiyana:-
"Sokudhlule 4 months (about Sept. last) ngangi kona kwa'Zulu emzini ka'Mnyamana. Kwabulawa abantu ababili izinsizwa, omunye engoka'Zibebu omunye engoka'Hamu. Bafika labo bobabili bebotyiwe izandhla zi ngemuva. Balandiswa indaba yonke yokuhamba kwabo

ukuti ng'abapi? bavelaphi? Wati omunye "Nging'umuntu ka'Zibebu; ngangitunywe ng'uZ. ku'Hamu ukuyakubuza ukuti indawo angayizuza nje yokuhlala kanye naye (uH.) lapo na? Kepa lo omunye ng'umuntu ka'H. opelezela mina ukuba ~~ngim~~ angiqondise kahle indhlela efaneleyo." Balanda ngokunjalo bobabili – uMnyamana watumela ku'Dinuzulu ngokuti enze njani ngalabo'bantu na? Wati uD. uMny. kenze ngokubona kwake. Baqutywa-ke labo bobabili bayakubulawa. Sokufikiwe endaweni ~~y~~ abazombulawelwa kuyo ……… badutyulwa ngezibamu bobabili, ng'abantu bamaSwazi ababili aba'zinyanga zokwelapa uDinuzulu …….. Banikwa 2 izinkomo zokugeza. Bahlinzwa ^ababuleweyo^ bayakwelapa uDinuzulu. Kepa leyo'ndaba ngayiveza ku'Colonel (Cardew). Waloba incwadi yokubuza ku'Malimati ~~es'ebu~~ abuze ku'Zibebu iqiniso. Impendulo yangipikisa. Manje iqiniso selivele. Kaloku ngiya kona noHlubi ^kuColonel^ ngiyakuveza iqiniso ngoba nabo abakwaZulu abebetunywe ng'uMnyamana sebavuma. ^Angitandi futi ukuba kutiwe nginamanga.^"

Okuseleyo, Nkosazana, kuningi, sokuluma ngemilomo. Ngiyaupuma ngoChristmas lapa ngihambe ngendhlela yas'eQudeni – ngitemba ukufinyelela ekaya ngesonto elilandelayo, mhlaumbe 1st or 2nd January. Inkosazana, ngomusa wayo, ingatyela abakiti loko.

Ngisekona, mntanenkosi yami,
Mina' muntu wakwenu,
MMagwaza.

[*Ngifisa ukuba loko kwokubili ukuhlele kahle ngenhliziyo ubone ongakwenzayo okufanele wena.*]

Legend:

^ ^ insertion
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[* *] marginalia

Transcriber:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.